ABAKWA-SARS BAKULUNGELE UKUQALA UKUSEBENZISA IZINGA LOKUNYUKA KWE-VAT

Pretoria, 27 kuNdasa 2018 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lukulungele ukuqala ukusebenzisa izinga le-Value-Added Tax (VAT) okumenyezelwe uNgqongqoshe wezeziMali kuNhlolanja.

UNgqongqoshe wamemezela ukuthi izinga le-VAT lizokwenyuka lisuka ku-14% liye ku-15% ukusukela mhla lu-1 kuMbasa 2018.

Amathimba akwa-SARS kade esebenza kulezi zinguquko ezinhlelweni ezisetshenziselwa ukwamukela izidaluli ze-VAT ezenziwa abahwebi bese bebala izimali ze-VAT ezibuyayo noma i-VAT okumele ikhokhwe kwa-SARS. Izinguquko sezenziwe kufomu i-VAT201 ukuze kuvele ukwenyuka kwezinga le-VAT.

Abahwebi abasebenzisa uhlelo lwe-eFiling lwakwa-SARS ukuthumela amaphepha abo e-VAT futhi asebelondoloze amaphepha e-VAT afaka isikhathi esingaphambi nesingemuva komhla lu-1 kuMbasa bazoqaphela ukuthi lawo maphepha alondoloziwe asesusiwe ngoba anamazinga angafanele e-VAT. Abahwebi kumele bacele i-VAT201 entsha uma benza i-eFiling.

Abakwa-SARS bathanda ukukhuthaza abahwebi ukuba bafake ulwazi lwakamuva ezinhlelweni zabo ukuze luhambisane nezinga elisha le-VAT ukulungiselela umhla lu-1 kuMbasa 2018. Lokhu kuzonciphisa ukudideka ekhasimendeni futhi kuzokwenza kube lula ukuba abahwebi baqhubeke nokuthobela imithetho yentela kanjalo nokwenza izidalulo ezifanele kwa-SARS.

Abahwebi bayakhuthazwa ukuba bavakashele ikhasi lewebhu mayelana ne-Value Added Tax lapho abazothola khona iBhukwana lesiQondiso kanye nemiBuzo Evamise ukuBuzwa okuzobasiza baqonde imithelela yokunyuka kwezinga le-VAT kumathransekushini ehlukene.

Abakwa-SARS baphinde basungula ikheli le-imeyili eliqondene nezinga le-VAT elinaleli kheli VATRateEnquiries@sars.gov.za, lapho abahwebi abangathumela khona ngqo imibuzo yabo. Abahwebi bangaxhumana ne-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.